# UBongi umatasatasa!



**Rose S. Mbokodo**



Umama uye ezitolo.

Ugogo unakekele uBongi ekhaya.

UBongi ufuna ukuya kugogo.

“Ima, Bongi! Uzowa! Ngiyeza,” kumemeza ugogo.

UBongi uyakhasa.

Ubona amanzi.

Ufuna ukungena ageze.

“Musa ukungena, Bongi! Kuyingozi,”
kukhuza ugogo.






UBongi umatasatasa futhi!

Ubona ujikhi. Womile.

“Ima, Bongi! Kuyingozi lokho,” kukhuza ugogo.

Ugogo uya-ayina.

UBongi welula ingalo. Ufuna i-ayini!

“Yeka! Uzolimala,” ugogo ukhuza uBongi.





UBongi umatasatasa futhi!

Uya epulakini kagesi. Ufuna ukufaka ucikicane wakhe!

Ugogo uyambona.

"Ima, Bongi! Uzolimala," kukhuza ugogo.

Ugogo ubilisa amanzi etiye.

UBongi ufuna ukumsiza.

“Yeka, Bongi! Kuyingozi lokho,” ugogo uyamkhuza, ususa iketela.





Ugogo ususa konke okuyingozi.

UBongi usevikelekile.

Akulula ukunakekela uBongi!